# UMHLAHLANDLELA WOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

***Ukuphawula ngoKuhlolwa Komthelela Emvelweni (EIA) mayelana nemiklamo kawoyela negesi***

## Unelungelo lokuphawula mayelana nale nqubo.

**Ukumbiwa kukawoyela negesi ngasogwini lweNingizimu Afrika kungazikhahlameza izilwanyana nezitshalo zasolwandle, amanzi olwandle kanye nendlela imiphakathi eziphilisa ngayo. Imithetho yaseNingizimu Afrika inikeza bonke abantu abanentshisekelo nabathintekayo (ama-I&P), kubandakanya imiphakathi, ilungelo lokuzwakalisa izimvo nemicabango yabo mayelana nokuthi lokhu kungabathinta kanjani.**

Ngaphambi kokuba kuqaliswe noma yimuphi umsebenzi wokucinga nokumba, izinkampani kumele zithole iSigunyazo Semvelo (EA). Le nqubo ibandakanya uKuhlolwa Komthelela Emvelweni (EIA), kwesinye isikhathi okubizwa ngoKuhlolwa Komthelela Emvelweni Nenhlalo Yabantu (ESIA).

Ngokuya komklamo nomklamo, i-EIA kungenzeka ibe nokuhlolwa okuyisisekelo noma ukuhlolwa okujulile (isigaba 1 & 2)

1. Isigaba Sokuhlola; kanye
2. Nesigaba Sokuhlolwa Komthelela Emvelweni Nenhlalo Yabantu (ESIA)




**Kuzo zombili lezi zigaba, okuyisigaba esiyisisekelo kanye nesigaba esijulile, kuzokwenziwa inqubo yokunxusa abantu ukuba bathumele ukuphawula kwabo.**

**Lo mhlahlandlela uzokukhombisa ukuthi kwenziwa kanjani lokhu.**

Ikhiqizwe ngoMandulo kowe-2025

# Ukuhlolwa Komthelela Emvelweni

**Ukuhlolwa Komthelela Emvelweni (EIA)** yinqubo eqinisekisayo ukuthi imithelela engaba khona ngenxa yomklamo ihlolwa ngokuphelele ngaphambi kokuba kuqaliswe noma yimuphi umsebenzi wokucinga noma wokukhiqiza uwoyela noma igesi. Ngezansi sikwethulela kafushane izinyathelo ezibandakanyekayo kule nqubo.

**SCOPING AND ENVIRONMENTAL IMPACT REPORTING**

**SCOPING**

**THUMELA ISICELO**

⇩

**ZISA NGE-EIA**

⇩

**UHLAKA LOMBIKO WOKUHLOLWA**
(Ukuphawula komphakathi, 30 izinsuku)

⇩

**UMBIKO WOKUHLOLWA KOKUGCINA**

**IMPACT ASSESSMENT**

⇩

**UMBIKO MAQONDANA NESINQUMO SOKUHLOLWA**

⇩

**UHLAKA LOMBIKO WE- ESIA**
(Ukuphawula Komphakathi, 30 izinsuku)

⇩

**UMBIKO WOKUGCINA WE-EIA**

⇩

**ISINQUMO** ⇨ **ISICELO SOKUDLULISA ISINQUMO (APPEAL)**

Umthetho udinga ukuthi abafakizicelo bomklamo babonisane nemiphakathi yendawo ngenkathi kuqhubeka inqubo ye-EIA. Imibiko ye-EIA yokugcina, ebandakanya nokuphawula komphakathi isetsheziswa ngumthathisinqumo ukunquma ukuthi ahlinzeke yini ngesigunyazo semvelo somklamo.

# Okumele ucabange ngakho lapho uthumela ukuphawula kwakho

**Imiklamo inemithelela-ngqo kanye neminye imithelela yokunye okuhlobene nomklamo emiphakathini nesimonkathinde sezulu sethu, futhi kubalulekile ukucabangisisa mayelana nokuthi yimiphi le mithelela. Imibuzo engezansi izokulekelela ukuba uhlonze futhi ucabange ngomthelela ongabangelwa wumklamo emphakathini wakho.**

- **Indlela yokuziphilisa:** Ngabe lo mklamo uzoba namuphi umthelela endleleni engiziphilisa ngayo, umsebenzi engiqashwe kuwona noma umholo/ingenisomali yami?

- **Impilo:** Ngabe umklamo uzoba nawo yini umthelela empilweni yami noma yomphakathi wami?

- **Indawo ozokwenzelwa kuyona umklamo:**
  - Ngabe umklamo uzoba nawo yini umthelela endleleni engifinyelela ngayo nengisebenzisa ngayo ibhishi kanye nolwandle?
  - Ngabe ngokujwayelekile ngivamise ukudoba endaweni okuzokwenzelwa kuyona umklamo noma ngivamise ukuhamba nginqamule endaweni leyo uma ngiya endaweni engijwayele ukudoba kuyona?

- **Ulwandle kanye nezilwanyana nezitshalo zasogwini:** Ngabe imisebenzi yomklamo izoba nawo yini umthelela endleleni izinhlanzi ezihambahamba ngayo kuleyo ndawo kanye nokunye okuphila endaweni leyo?

- **Imihlomulo:**
  - Ngabe umklamo uzongihlinzeka yini mina noma umphakathi wami ngamathuba omsebenzi?
  - Hlobo luni lwamakhono adingekayo ukuze umuntu aqashwe emklamweni lowo?
  - Ngabe amathuba omsebenzi atholakalayo lapho awesikhathi eside?
  - Yimiphi imihlomulo ezolethwa wumklamo emphakathini wami?

- **Indlela Yethu Yokuphila:**
  - Ngabe lo mklamo uzoba namuphi umthelela emikhubeni nezinkambiso zakho zamasiko, kanye nezenkolo ezixhumene nolwandle kanye nogu?
  - Ngabe lo mklamo uzoba namuphi umthelela kubudlelwano bomphakathi wami nolwandle?

- **Ukuguquguquka Kwesimonkathinde Sezulu:** Ngabe umklamo uzofika nezinguquko esimeninkathinde sezulu sethu, futhi ngabe lokho kuzoba namuphi umthelela empilweni yethu yansukuzonke, kanye neyezizukulwane zangomuso?

- **Izizukulwane zangomuso:**
  - Ngabe lo mklamo uzoba namuphi umthelela ezinganeni zethu kanye nasezizukulwaneni zangomuso?
  - Iyiphi indima engingayidlala ekuvikeleni izidingo zangomuso zezingane zethu eziphathelene nenhlalo nemvelo?



# Indlela ongahlela ngayo ukuphawula kwakho

**Akikho indlela noma izidingo ezibekiwe zokuthi kumele ukuhlele kanjani ukuphawula kwakho. Ngezansi sikunikeza izibonelo zendlela ongahlela ngayo ukuphawula kwakho.**

**1. Ungubani wena? Ngabe kukhona omunye umuntu omumele? Kungani ubalulekile/ufanelekile kuwena lo mklamo?**

**2. Nikeza uhlu lwezinto okuyizona ezikukhathaza kakhulu ngomklamo, futhi usho nokuthi ezigcawini zokubonisana nomphakathi kukhulunyiwe yini ngezinto ezikukhathazayo, futhi ukutholile yini ukucaciseleka kahle ngazo.**

**3. Yisho ukuthi ngabe ukholelwa ukuthi lo mklamo uzoba namuphi umthelela endleleni oziphilisa ngayo wena kanye nasendleleni oziphilisa ngayo umphakathi wakho?**

**4. Yisho ukuthi ngabe ukholelwa ukuthi lo mklamo uzoba namuphi umthelela ekufinyeleleni nasekusebenziseni kwakho ulwandle, kanye nokuthi uzoba namuphi umthelela ekuhambahambeni kwezilwane eziphila olwandle (izinyoni, izinhlanzi, njalo njalo).**

**5. Yisho uma ikhona noma yimiphi imithelela emihle ocabanga ukuthi izolethwa umklamo kuwena noma emphakathini wakho.**

**6. Chaza ukuthi ukholelwa ukuthi lo mklamo uzoba namuphi umthelela kumagugu akho, ezamasiko nawezenkolo uma kuqhutshekwa nawo.**

**7. Chaza ukuthi ngabe izigcawu zokulalelwa komphakathi zabanjwa ngolimi oluqondayo nokuthi zakusiza yini ukuba uqonde ukuthi umayelana nani umklamo. Ngabe kwaxoxiswana nawe ngemithelela emihle nemibi yomklamo?**

**8. Faka noma yikuphi okunye ukuphawula kwakho noma ukukhathazeka onakho.**

Igama nesibongo: ______________________________________
Indawo noma umphakathi wakini: ________________________
Ikheli: ___________________________________
Inombolo yocingo: ____________________________________
I-Email: ______________________________________

Sayina ____________________

Usuku ___________________